

IsiZulu

Izinga

5

# Isifo somkhuhlane



Room to Read



**Isifo somkhuhlane**

**IsiZulu**

**Izinga 5**

ISBN: 978-1-77981-185-1

© 2023 Ulwazi Lwethu African Languages Literacy Project


Umbhali: Room to Read

Umhumushi: Zandile Malaza

Umdwebi: Riaan Muller

Isakhiwo: Rock Bottom Graphic & Design

Uhlelo lokuqala lokushicilela luka-2023



# Isifo somkhuhlane



Room to Read



UMbuyane usebenza nzima. Usebenza kusukela ekuseni kuze kube sebusuku. Nanoma kumakhaza, akagqoki izimpahla ezifudumalayo. Manje usebambe umkhuhlane. Umkhuhlane omubi. Ugula kakhulu.

UMbuyane ube semakhazeni. Uyachachazela futhi uyathimula. Unefiva.

UMbuyane ugula kakhulu.



“Lomkhuwane uyingozi, uzongibulala,” kusho uMbuyane. “Angikhanuki ukudla. Angikhanuki lutho. Amasotsha ami omzimba abuthakathaka.”





Indvodzana yakhe uManqoba ikhathazekile. “Ubaba akadli futhi akalali. Uyaphenduka”, kusho uManqoba. UManqoba wavuka ekuseni kakhulu, waya entabeni. Wabuya nomuthi i-*Artemisia*. Uzowuphuza yini uMbuyane? UManqoba wawubilisa, wanikeza ubaba wakhe. UMbuyane washaya inkomishi umuthi wacitheka.

“Baba, awufuni ukuphola? Uwucithelani umuthi?  
Uzowuphila kanjani?” kusho uManqoba.







UMaqoba uhlala nobaba wakhe osekhulile.  
Umama wakhe usebenza emakhishini edolobheni  
abuye ekhaya kanye ngenyanga.

UMaqoba washayela umama wakhe ucingo  
mayelana nesimo esisekhaya. Umama wameluleka  
ukuthi athengele ubaba umuthi womkhuhlane.

UManqoba wagijimela ekhemisi wabuya nomuthi womkhuhlane.

Wanikeza ubaba, waphuza walala.






UMbuyane waphenduka, ibhodlela lomuthi lawa laphuka. “Maye! ibhodlela liphukile. Ngizophola kanjani? Lomuthi uyabita.”

“Baba, ibhodlela liphukile umuthi wacitheka,” kusho uManqoba. “Awu! Nnodana yami, kube yingozi,” kuphendula umuntu omdala ebonakala ekhathazekile.





Ntambama uManqoba wahlala endlini yokuphumula ebukela umabonakude. Imicabango yakhe yayikhashane, ecabanga ngokugula kukababa wakhe. Wanaka uma ezwa ngalesifo esesabekayo ezindabeni. Bakhuluma nge-*COVID-19* ebulele abantu abaningi emhlabeni. Wathuka.

Ibhodlela lomuthi liphukile. Umkhuhlane usemubi kakhulu. Umzimba wonke kaMbuyane ubuhlungu. Akasakhoni lutho. UManqoba wacabanga ngalomkhuhlane oyingozi. “Manje ngikuphelezela emtholampilo ukuyohlolwa,” kusho uManqoba. UMbuyane ehlahle amehlo, wanikina ikhanda wathi, “angiyi lapho.”





Ekuseni uManqoba waya ezitolo ukuyothenga iphephandaba ngalokujwayelekile. Ekhasini lokuqala kwakubhalwe *COVID-19* isifo esesabekayo, ngamagama agqamile. Uma efika, wahlala phansi wafunda kahle lesihloko. Sachaza izimpawu futhi basho ukuthi kufanele abantu bahlolwe.

UMangoba usekhathazekile. Waya ekamelweni likababa wakhe, wambheka elele embhedeni engakhoni lutho. Lomuntu omdala uyathimula uyakhwehlela okungapheli. Wathatha iphephandaba walibeka phambi kukababa ukuze afunde. UMBuyane wafunda, wabheka indodana yakhe wase uyaguquka.







UMbuyane waphenduka ilanga lonke. UManqoba ucela ubaba wakhe. “Ngiyacela baba, asiye emtholampilo. Ngiyakuncenga.” UMBuyane wabheka phansi.

UManqoba wasiza ubaba wakhe ukuthi asukume, baya emotweni wase uyashayela baya emtholampilo.

“Sizani, sizani!” kumemeza uManqoba. Abahlengikazi baletha isihlalo samasondo. Bahamba naye egunjini lokuhlola.





UMbuyane wahlolwa ngudokotela. UMBuyane nendodana yakhe bahlolwa i-COVID-19. Bamnikeza umuthi bathi makaphuze. Baphinde bamnikeza nomjovo. UMBuyane walala.

Abahlengikazi bakhumbuza uManqoba ngokuphepha ngalesikhathi se-*COVID-19*:

- Hlala ugeza izandla ngamanzi nensipho.
- Naka ibanga lokudedelana.
- Faka imaski uma uya emphakathini.
- Uma uthimula noma ukhwehlela, sebenzisa iphepha lethishu elilahlwayo noma ukhwehlele endololwaneni yakho.





Umkhuhlane walapheka, uMbuyane waqala  
ukukhanuka ukudla. Useyakujabulela ukudla.  
Akasaphenduki aguquke. UManqoba nobaba wakhe  
babuyela emtholampilo ukuze bathole imiphumela  
ye-COVID-19. Ngenhlanhla, imiphumela yayimihle.  
Bazizwa bekhululekile.

UMbuyane noManqoba babonga udokotela nabahlengikazi, babuyela ekhaya. Kusukela ngalolo suku, uMbuyane waqinisekisa ukuthi ugqoka afudumale uma kumakhaza. Wayengafuni ukubamba umkhuhlane futhi. Wayehlala egeza izandla ngamanzi nensipho. Uqinisekisa ukuthi ufaka imaski ukuze azivikele kwi-*COVID-19* neminye imikhuhlane.





## Readers

### Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nescibucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlangezeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

### Izinga 3

- Ijazi eliguqkile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNTombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlini uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqjwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

### Izinga 4-5

- Izingosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe



Ulwazi Lwethu yiprojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le projekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njenge “Open Education Resources” (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:  
[ulwazilwethu.org.za](http://ulwazilwethu.org.za)



Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

